



**PRESIDENTIAL
CLIMATE COMMISSION**
TOWARDS A JUST TRANSITION



Mayelana neKhomishani yesimo sezulu

Uhlaka lwenguquko yobulungiswa eNingizimu Africa

**Olupapasho lwesakhelo sotshintsho soMzantsi
Afrika senzelwe isikhumbuzo sikaMnumzana
Azwi Mac Makwarela obenguNobhala wokuqala
weKhomishini kaMongameli ye mozulu (PCC).**

**Mnumzana Makwarela wayehamba phambili
kugqugquzelelo lotshintsho kubasebenzi noluntu
loMzantsi Afrika, wadlala nendima enkulu
ukungamela inkqubo yophando kabanzi,
nokubonisana ngezimvo olwenze
kwabaneziphumo zesindululo esikulencwadi.**

**Isikhumbuzo sakhe sakuhlala sihleli
ngokuzibophelela kwabo bonke
abachaphazelekayo ukuphumeza esisikhokelo
nokwenza isiqinisekiso sokuba isimo sotshintsho
ngokwenene kutshintsho lobulungiswa.**

MAYELANA NALOMQULU

Isandulelo.....	1
Ngoguquko lobulungiswa.....	2
1. Inggalasizinda Yenguquko Yobulungiswa.....	5
2. Inguquko yobulungiswa ngabe iyini.....	6
3. Izimiso.....	7
4. Imikhakha esengcupheni.....	9
5. Inqubomgomo yenguquko yobulungiswa.....	17
6. Ukuphatha okuyiko kwenguquko yobulungiswa.....	20
7. Imali yokuxhasa inguquko yobulungiswa.....	22
Phambili.....	23
Izinkomba.....	32

Mayelana neKhomishani yesimo sezulu

Ikhomishani yesimo sezulu ewumfelandawonye wamaqembu ahlukeneyo, yasungulwa umengameli wezwe ukuthi yeluleke izwe ukuthi libhekane kanjani nesimo sokushintsha kwezulu. Ikhomishani iyobuyela ibhekane nokuthi inguquko yobulungiswa ingaxhaswa kanjani ukuze kwakheke ikusasa elikwazi ukubhekana nesimo esisha sokwenza izinto. Lekhomishani ikwenza lokhu ngokuvulela ingxoxo kubo bonke ababambe iqhaza – bebhaka ukuthi sifuna isimo somnotho nomphakathi onjani, nezindlela ekufanele sihambe ngazo ukuze sifike kulokhu esikufisayo.

Mayelana nenguquko yobulungiswa

Uhlaka lwenguquko yobulungiswa luqoqela ndawonye yonke imizamo yokuhlanganisa inqubo le, la eNingizimu Afrika. Uhlaka lolu luveza obala umbono ofanayo wenguquko yobulungiswa, imigomo eqhuba loluguquko nendlela ezohanjiswa ngayo.

ISANDULELO

Iningizimu Afrika isengxenyeni yomhlaba ethintwa kakhulu ukushintsha kwesimo sezulu. Izikhathi nezikhathi, izwe lizithola linesomiso, izikhukhula nezinye izimo ezibhedayo futhi kuya ngokwanda lokhu. Lezizehlakalo sezibange omkhulu umonakalo kwizakhiwo, indlela imvelo esebenza ngayo, izimpilo nendlela yokuphila. Abantu abaningi bazithola bedingiseka futhi iyaqhubeka ukusikhumbuza ukuthi imiphakathi ephila ngaphansi kwesimo esibucayi – omama, intsha, abangenamsebenzi, labo abahlala emkhukhwini – abazithola bebhakene nalesisimo esinzima sokushintsha kwezulu. Lezinguquko zesimo sezulu zenza ukukhiqizwa kokudla nokutholalala kwamanzi kube nzima futhi kuthinta imikhakha eminye.

Ukushintsha kwesimo sezulu kwenza izinkinga ezintathu ezinkulu zeNingizimu Afrika zibhebbetheke – ubumpofu, ukungabi khone kwemisebenzi nokungalingani kwabantu. Izwe lethu elinye lamazwe lapho ukungalingani kwabantu kugqamile ukudlulela – umahluko phakathi kwezicebi nabantulayo mkhulu ukwedlulela; ukungabi khona kwemisebenzi kudlangile kubalelwa emaphesentini angamashumi amathathu nanhlano (35%). Ukusetshenziswa kwezinye izinhlelo zamandla kunomthelela ezipilweni zabantu abaningi futhi lokhu kuzwakala kakhulu emiphakathini entulayo, bese kuqhuba ukungalingani. Lekhomishani ikuzwile ukukhala kwemiphakathi yazibonela yona qobo ubunzima abantu abaningi ababhekene nabo. Abasebenzi bafuna imisebenzi, namalunga omphakathi bakhuluma kwezwakala ngokunganeliseki ngesimo, ubunzima bokungalingani nokuthi bafisa ukubona kwenzekani ukuze kwakhiwe isizwe esilingene nesihlanganisa wonke umuntu. Kunjalo nje, baningi abaphawule ngokuthi umbuso uyantengantenga awukwazi ukubhekana nazo zonke lezidingo.

Kusemqoka ukuthi uMzansi uhlanganyele nomhlaba wonkana ukulwa nokushintsha kwesimo sezulu ngokuhambisana nemigudu nenqubekela phambili yesizwe. Akuyona inkinga yemvelo kuphela le, kodwa inkinga yezomnotho futhi njengoba amazwe omhlaba eseqalile ukuvumelana ngokwehlisa kwezinga lomsizi, futhi lokhu kwenza ukuhweba komhlaba wonke nokutholalala kwezidingo.

Ukubhekana noshintsho lwesimo sezulu kuchaza ukuthi kufanele sithole ezinye izindlela ezisheshayo



zokubhekana nezinhlekelele ezidalwa ukushintsha kwezulu esikubona kulezikhathi; izimo ezidala ukungabibikho kwamanzi; ukungatholakali kokudla nempilo esengcupheni kakhulukazi kulabo abantulayo. Ukuphenduka kwesimo sezulu kuzoba nomthelela ezintweni eziningi esikhathini esizayo, ikakhulukazi emiphakathini esengcupheni, abantu basemaphandleni, abantulayo, intsha nezingane. Ukubhekana nesimo sokushintsha kwezulu kuchaza ukuthi kufanele kwehliswe umsizi odedelwa emkhathini – umoya ongcolile olerha ushintsho. Inkinga esibhekene nayo idinga umbuso oqinile okwazi ukwenza izinto ngendlela futhi othenjwa ibonke ababambe iqhaza. Lokhu kuthemba umbuso sekwancipha kakhulu ngenxa yomazenzele nokudunwa kombuso njengoba kwasho iKhomishani kaZondo.

Ubhekana nokushintsha kwesimo sezulu kuchaza ukuthi kunezinto eziningi ezidinga ukwenziwa ngokushesha nokuthi ezomnotho nazo zidinga ukubhekisiswa; kodingeka sizame izindlela ezintsha mayelana nokwakhiwa kwezindawo emadolobheni; kufanele sithole izindlela ezitsha zokukhiqiza amandla; kufanele siqale sibhekisise ukuthi siwusebenzisa kanjani umhlaba, namanzi, nokuthi sikuthola kanjani ukudla. Izinguquko zizoba nzima kwabanye kakhulu kubasebenzi nemiphakathi, izimpilo zabo ezihambelana nomkhiziqizo wamandla anobungozi, nabesifazane, intsha nalabo abantulayo abavele sebesengcupheni nenxa yokuba nzima kwempilo nezinkinga ezinxanthathu. Uguquko lusho ukuthi kufanele kube khona indlela yokubhekana nazo zonke lezingqinamba nokubheka amathuba avezwa ukuqala lendlela engahlukumezi imvelo nokuthi kwabelwane ngamathuba nenzuzo.

Izidingo zabantu kufanele zibe phakathi kwazo zonke izinhlelo ezibhekene nokushintsha kwesimo

sezulu. Uguquko lobulungiswa lwenza khona lokhu: ukuthatha amathuba nokubheka izingozi ezihambelana nokutshintsha kwesimo sezulu kube kubhekela izimpilo nendlela yokuphila yabo bonke abantu eNingizimu Afrika kakhulu labo abachaphazekile. Inguquko yobulungiswa ibanzi kakhulu futhi idinga ukugxila ekubhekeleni abantu nokuthi kuzothath isikhathi esingakanani ukwenza lokhu.

MAYELANA NENGUQUKO YOBULUNGISWA

Yini inguquko yobulungiswa

Umsebenzi wokuqala wekhomishani yesimo sezulu ukwakha uhloko lwenguquko eNingizimu Afrika. Umengameli wezwe uCyril Ramaphosa waqoka lekhomishani ngoDecember 2020 ukuthi ibhekane nenguquko siyeke ukuba umnotho okhipha umsizi oya emkhathini kodwa kube ngumnotho okwazi ukubhekana nezimo zezulu eziguqukayo. Uguquko lobulungiswa isiqalo sokwakha lento esiyifisayo, nokuhambisa yonke into ngohlelo. Inguquko yobulungiswa ikhuluma ngombono ofanayo, imigomo ezobhekana nenguquko nemibandela yokuthi lento izofezwa kanjani.

Uhlaka lwenguquko yobulungiswa lwathuthukiswa kanjani?

Uhlaka lwenguquko yobulungiswa lwakhiwe ngocwaningo, imigomo nokuxoxisana nabo bonke abathintekayo nokubheka ukuthi emazweni aphešheya benze kanjani. Uhlaka lolu lusebenzise ucwaningo okudala lwaba khona lukahulumeni, lwebhizinisi, izinhlangano zemiphakathi, abosolwazi

nezinyunyani. Uhlaka lolu luhlanganisa izinto eziningi ezifundwe kwimigudu yokuxoxisana yangaphambili mayelana nenguquko yobulungiswa kakhulu lezi ngxoxo ezabe zibizwe iNational Planning Commission nomfelandawonye ohlanganisa uhulumeni, izinyunyana nomphakathi iNedlac. Loluhlaka lubheke nokuthi phesheya benza kanjani uma bebhakene nento efana nale nokuthi ezinye izinhlelo nomsebenzi wamaqembu ahlukeni asehlele indlela nenguquko yobulungiswa.

Ngesikhathi ithuthukisa uhlaka lolu, iKhomishani:

- Ifune ubufakazi obunzulu ngendla uguquko lungenziwa ngay elingene yanxusa osolwazi ukuthi bethule imibono yabo
- Yabamba uchungechunge lwezingxoxo-mpikiswano ezavezwa kumabonakude. Lezingxoxo ziveze imibono yongqongqoshe, abamele imiphakathi, osomabhizinisi, abasebenzi, abaholi bendabuko, intsha banacwaningi ukuze kube novo olunzulu nenguquko yobulungiswa (ungalalela noma ubuke lezingxoxo la kwa www.climate.commission.org.za)
- Yacela izimvo zochwepheshe abehlukene (osolwazi, osomabhizinisi, abamele abasebenzi nabamele imiphakathi) ukuthi batshe ukuthi yini edinga ukwenziwa ukufoza iphupho lenguquko yobulungiswa
- Yabonisana nabasebenzi, imiphakathi, osomabhizinisi abafufusayo nabalingani bemikhakha chlukeni ngonyaka ka2021 no 2022 okwakhiweni kohlaka njengo kwenziwa phesheya nokuthi bonke abathintekayo

bakwazi ukubeka imibono yabo

- Yacela imibono ngo hlaka olusahlongozwa phakathi kukaMarch to April 2022 lapho sathola khona imibono engu43 ibuya kumaqembu angafani
- Yaxoxisana nemiphakathi kakhulu labo abathintekayo ngenxa yoshintsho lolu oluhlongozwayo ukuze uhlaka luyamukele imizwa yabo. IKhomishane yabuyele yakhulumisana nomasipala nabaholi bendabuko

Ucwaningo nokuxoxisana kwalandelwa inkomfa enkulu eyabanjelwa eGoli ngo May lapho abantu abaningi bakhuluma ngokujahaka kwalenguquko enobulungiswa nokuthi bayaluxhasa loluhlaka.

- Uma sicubungula umsebenzi okhona, imibiko kanye nezigxoxo ezabanjwa iPCC kusobala ukuthi:
- Kunokuvumelana okusabalele ukuthi kubonwa ngasolinye ukuthi iyini inguquko yobulungiswa, kanye nokuzimisela kubo bonke abayingxenyi yaloluhlaka
- Kunokuvumelana ukuthi ngobani abantu ababalwa njengabantu abasesimeni esibucayi – akubalwa kuphela abasebenza ngomsizi, kepha naloba abangasebenzi, imindeneni entulayo, imiphakathi, intsha kanye nabesifazane abathintwa ukuguquka kwesimo sezulu nemizamo yokulwa lokhu.
- Inguquko yobulungiswa ayiphathelene nje nezezwe nezemvelo kuphela, kepha iphathelene ngqo nezomnotho nezokuphila kwabantu.



Futhi iphathelene nokuthi iNingizimu Afrika imi kuphi uma uyiqhathanisa namanye amazwe kwezomontho nokuphila kwabantu.

- Kusemqoka ukuthi ezomnotho nokuphila kwabantu kuhambelane kanye nemizamo yokugwema okungase kudalwe ilesisimo sezulu. Lokhu kusho ukuthi kunesidingo sohlaka lwenguquko yobulungiswa oluhambelane ne cebo elinemininingwane yemisbenzi ne ?ii
- Bonke abangamaqembu abhekene nomphakathi bazinikele ukuthi kube khona ubulungiswa ikakhulu uma kwenziwa izinqumo kulandelaniswa nemigomo yokwenza inguquko ezobhekelela umphakathi.

Loluhlaka lwenguquko lwakhelwe phezu kwalesizinda okuvunyelwene ngaso.

Ludingeke lani uhlaka lwenguquko ewubulungiswa?

Yize kusobala kunezindawo eziningi ekuvunyelwana ngazo kuguquko lobulungiswa e Ningizimu Afrika, akukabibukho nowodwa umgomo oshicilelwe obalula indlela, isisekelo, nokuzokwenziwa ukuze lenguquko yenzeke ngendlela evunyiwa yiwo wonke amaqembu abhekene nomphakathi. Loko sekubangele ukuthi indlela amaqembu omphakathi ayibheka ngayo inguquko, ingafani, ingalingani futhi ingabi ebumbene. Umsebenzi osuwenziwe ukulungisela uhlaka lwenguquko yobulungiswa iwona ozama ukwelapha lesimo. Lokuhlaka luletha isisekelo sokuthi uhulumeni ushicilele umgomo okunguwo ozohlanganisa usekele umsebenzi waloluguquko lobulungiswa

Ngabe inququko yobulungiswa ihamba ifike kuphi?

Uhlaka lwenguquko ewubulungiswa luqondene ikakhulukazi nezesimo sezulu kanye nezentuthuko e Ningizimu Afrika. Loluhlaka luxhasa imizamo yase Ningizimu Afrika yokwakha kabusha ezomnotho ukuze kuhlomule abanengi abaseNingizimu Afrika, ikakhulu ngenguquko ejulile enobulungiswa (i.e ekuxazululeni inkinga engunxantathu). Loku kwenziwa phezu kwesisekelo esizoqondana nesimo

sezulu (yakhiwa kanjani imiphakathi eqinile, kuqedwa kwanjani ukudungeka kweze ngomoya ongcolile, kuvikelwa kanjani futhi kuthuthukiswa kanjani ezempilo emiphakathini).

Uhlaka aluqondene kangako ngokuthi ngokwemigomo sigwemeka kanjani isimo sezulu esishintshayo; kodwa luqondene nokuthi imigomo ithini ngemiphumela yesimo sezulu kwezomphakathi nezomnotho, ikakhulukazi ekuthuthukiseni umphakathi nezidingo zawo. Uhlaka luncoma ukuthi kube nezinye izindlela zomnotho ezizovumela ukuthi kube khona lenguquko ewubulungiswa.

Lokuhlala lwenguquko ewubulungiswa ayiphethe zonke izimpendulo nemibono, ngokunjalo ayiphethe amasu akho konke okuzokwenziwa. Kepha iphethe indlela cholela ekutheni uqale umsebenzi ozoholela kwinguquko ewubulungiswa eNingizimu Afrika. I PCC izoqhubeka ngokude igcwalisela kuhlaka okusha okufundwayo, kanti nemihlangano yomfelandawonye izoqhubeka. I PCC izoqhubeka ixoxisane namaqembu ahlukene ikakhulukazi lawo athintekile, ukuze amaqembu ekhulume ngezwi linye eliseka ukuthuthukiswa kwohlelo lwenguquko ewubulungiswa. Lokhu kuzokwenziwa ukuze kukhuliswa imigomo nemizamo esikhona.

Olukabani loluhlaka lwenguquko yobulungiswa?

Uhlaka lwenguquko yobulungiswa luqondene nawo wonke amaqembu abhekene nezomphakathi emkhakheni yonkana. Kepha loko akusho ukuthi kunendlela eyodwa yenguquko ewukhukhulela ngoqo. Amaqembu ase Ningizimu Afrika kumele ezakhele imigomo nezihlelo eziqondene nezimo, nemibandela yalobo ababamele. Futhi konke loku kumele kuhambisane nendlela, nemigomo ephethwe kuloluhlaka.

Ekusebenziseni loluhlaka kubalulekile ukubuka isimo sezobulili kulenguquko eNingizimu Afrika. Abasifazane ikakhulukazi ibona ababa buthaka kumphumela wesimo sezulu esishintshayo nesikwenza kwezemvelo; lokhu kufakazelwa okushicilelwe ngemiphumela yesimo sezulu esishintshayo kubantu besifazane. Kunjalo, kubalulekile ukuthi kubhekisiswe entsheni yase Ningizimu Afrika, kanye nalaba abasebenza

kwezomnotho ongalawulwa imigomo yezwe – ukuze loluhla lwabantu luthuthukiswe kulenguquko.

Luhlelwe kanjani loluhlaka lwenguquko ewubulungiswa?

Isibalo 1 • Uhlaka lwenguquko ewubulungiswa luhlelwe ngezigaba eziwu 7:

1. Inqalasizinda yohlaka lolu
2. Ukuchaza inguquko yobulungiswa
3. Imigomo egade lenguquko
4. Imikhakha nezimboni ezisengcupheni
5. Imigomo yokufeza uguquko
6. Izinhlelo zokuhambisa lenguquko
7. Ukuxhaswa ngokwemali koguquko

1. IISEKELO SOHLAKA LWENGUQUKO EWUBULUNGISWA

Umsebenzi wase Ningizimu Africa kwezenguquko ewubulungiswa kwaqala eminyakeni engaphezu kweshumi, usungulwa umbimbi lwabasebenzi. Ngonyaka ka 2009, ngenkomfa yeshumi kazwelonko yombimbi lwabasebenzi, iCosatu yagqamisa ukubaluleka kwenguquko ewubulungiswa “ezovikela laba ababuthaka kumuphumela wesimo sezulu eshshintshayo”. ICosatu yaghubeka ngonyaka ka 2011 ephapheni layo lemigomo yesimo sezulu esishitshayo, yathi kumele kube khona umnotho ozobhekana nenguquko ewubulungiswa ezogxila ekusizeni laba amasebenza imisebenzi ephansi – kanye nemiphathakathi nabamabhizinisi amancane.

Emva kwaloko nohulumeni kazwelonke waqala wagxila ekufuneni ukuthola inguquko ewubulungiswa. Ngo 2011, wushicilelo olwaziwa nge National Climate Change Response White Paper lwagcizelela ukubaluleka kwemigomo yenguquko ewubulungiswa njengenye yezindlela ezisemqoka ukulwa nemiphumela yesimo sezulu eshshintshayo. Ngo 2012 iNingizimu Africa yamukela iNational Development Plan (NDP) emva kwezinxoxo ezinzulu, ezigxile kwezokugcinwa kwezemvelo nezezwe ukuze kube nendlela yokufinyelela kwezomnotho oqondene nokwehliswa ukugcola komoya.

I NPC yabuye yaba nezingxoxo zemiphakathi eminyakeni ka 2017 – 2019, mayelana nenguquko enobulungiswa. Lezingxoxo zaba kuzozonke izifundazwe zakuleli, emaqenjini ahlukene okubalwa kuwo intsha kanye nalaba abasebenzisa kakhulu amandla. Ngo Disemba ka 2020, u Mengameli Cyril Ramaphosa wasungula iPCC (eyaqale yaziwa nge Presidential Climate Change Coordinating Commission), nge njongo esolaba yoku “luleka nokwakha ukuqonda okufanayo ngenguquko yobulungiswa, ngokuqaphela imithelela yesimo sezulu esishitshayo kwezomphakathi, ezomnotho, nezobuchwepheshe. IDraft Climate Change Act yase Ningizimu Africa ibalula inguquko yobulungiswa njengenye yezinjongo nemigomo eqaphele ukuthi uMzansi uyibheka kanjani indaba yesimo sezulu esishitshayo.

Iminyango kahulumeni seyenze inqubekela phambili kuhlalo lwenguquko enobulungiswa. Isibonelo, uMnyango wezaMahlathi neZemvelo wawubalulekile ekusunguleni I National Employment Vulnerability Assessment; uMnyango we Zokumbiwa phansi namandla (DMRE) seyenze izifundo eziningi yasungula isu lenguquko yobulungiswa eqondene nezamandla; uMyango wezomnotho usungule amaqembu okusebenzisana abhekene nesimo sezulu esishitshayo, inguquko yobulungiswa, kanye nokugxilisa umsebenzi wokufaka izimali kumnotho onenqubekela phambili. UMnyango we Trade, Industry and Competition usungule umhlahlandela wokukhiqizwa kwezimoto zikagesi eMzansi; uMnyango we Public Enterprises isisungule umhlahlandela ka Eskom wokuthi kuguqulwe umkhakha ka gesi.

Okubalulekile ngenguquko yobulungiswa igxile yaxhaswa amaqembu amahlukene eNingizimu Afrika. Kunokuvumelwana okubanzi kwamaqembu emiphakathi ngokuthi isimo sezulu esishintshayo sizoba nomthelela kubantu nakwezomnotho; nokuthi kudingeka inguquko yobulungiswa enenqubekela phambili, chlanzekile eno mnotho obheke nxazonke. Kusobala kuwowonke amaqembu ezomphakathi ukuthi inguquko yobulungiswa kumele ivikele imiphakathi, iphendle izimo ezivulela amathuba omsebenzi, iphinde ithuthukise laba abathinteka kakhulu.



Uhlaka kwenguquko yobulungiswa yakhela iphinde ihambisane nalezizifundo nezindlela zokubona ezitholakale emaqenjini ahlukeni emiphakathi.

2. UKUCHAZWA KWenguquko YOBULUNGISWA E NINGIZIMU AFRICA

Uhlaka lusekelwe ukuthi kunokuvumelana ngokuthi ichazwa kanjani inguquko yobulungiswa e Ningizimu Africa. Lencazelo yakhela phezu komsebenzi owenziwa iNedlac, iNational Plannig Commission, yabuye yezwakala ngemibono yamaqembu ahlukeni nangenkathi kunezingxoxo nomphakathi ezaziphethwe iPCC.

Ukuchazwa kwenguquko eyibulungiswa ekuloluhlaka ihamba kanje:

Inguquko ewubulungiswa ibhose ukuthi abantu abase Ningizimu Africa bethole impilo engcono, ikakhulukazi bekwazi ukumelana nemiphumela elethwa isimo sezulu, izwe lifinyelele ekubeni nomoya oblanzekile ngonyaka ka 2050, konke loku kubambelane nobuchepheshe besayensi esinabo lapha kuleli.

Inguquko ewubulungiswa inomthelela kwizinhloso sokwakha imisebenzi ephusile yawo wonke umuntu, ukuhlalisana ngokuthula kwabantu kanye nokuqeda ububha.

Inguquko enobulungiswa ibeka phambili abantu kuzozonke izingqomo, ikakhulukazi laba abathinteka kakhulu – njengabantu abantulayo, abesifazane, abaphila nokukhubazeka nentsha – ngebhosi yokubanika amathuba empilo nekusasa elingcono.

Inguquko enobulungiswa yakha umnotho nemiphakathi eqinile emelana nezimo, ikwenza lokhu ngamandla kagesi angadli iphakethe; yenza kubelula ukugcina umnotho wezemvelo; yenza amanzi nokwabiwa kwawo kulingane kubo bonke abantu; yenza ukuthi umhlaba ublale ublanzekile; yenza ukuthi ukusetshenziswa komhlaba kuvulele-ke kuwo wonke umuntu, ikakhulukazi laba abathintekile.

3. IZIMISO

IUmqulu wamalungelo, phecelezi, iBill of Rights esigabeni sesibili (Chapter 2) yomgaqosiseko wase Ningizimu Afrika ibalula ukubaluleka kokuba kwamalungelo ombuso wenengi, amalungelo kwezombusazwe, ukubaluleka kwamalungelo abhekene nezomnotho nemiphakathi (indawo yokuhlala, ezimpilo, amanzi, ukudla, nezinsiza mphakathi). Ibuye ibalule ukubaluleka kokuthuthukiswa kwemiphakathi ndawonye (ezemvelo nentuthuko enenqubekela phambili, amalungelo okusungula izinto ezizokwakha umnotho, amalungelo amasiko nezilimi ezahlukene emiphakathini). Wonke lamalungela uphinde uthole kukhulunywa ngawo esigabeni sokuqala se National Environment Management Act (Act 107 of 1998), la kukhulunywa khona ngemigomo enobulungiswa eyenza intuthuko yabantu ibe phambili makwenziwa izinqumo, eyenza ukuthi labo abakhinqiza amandla kagesi bekwenze ngendlela enokunakekela, kube nokwabiwa okulingene kwemikhqiso yomhlaba, nokupha abantu amandla okuba khona nxa kwenziwe izinqumo.

Ekwakheni lemigomo enenqubekela phambili, loluhlaka luhambisa phambili imigomo emithathu okuyiwona abalulekile ukwakha inguquko ewubulungiswa, eyela ekwakheni umnotho onakekela ezemvelo nezomphathi. Lemigomo emithathu ilena: ubulungiswa obabelwayo; ubulungiswa obakha kabusha; ubulungiswa obulandela imithetho. Yonke lemigomo icashunwe kwimibhalo ehlukene ekhuluma ngenguquko ewubulungiswa, imihlangano eyayiphethwe IPCC, kanye nezifundo ezicashunwe emazweni aphesheya. Ubulungiswa obuqondene nobulungiswa

bezemvelo nakho kuhambisana nayo lemigomo – kukhuphule ukukwazi ukuzimela kwabantu ezimeni zesimo sezulu. Ukukwazi ukuzimela kwabantu njengokuvikela imithombo yamanzi yalapha e Mzansi, ukuthuthukiswa kwezomvelo, ukuthuthukiswa kwezitshalo nemithombo yazo, ukwenza okufanele kwenziwe ukugcina indalo iphephile.

Ubulungiswa obabelwayo

Amathuba aqhamuka kulenguquko kumele ukuthi abelwe bonke abantu ngokwanele, kucatshangwe ngobulili, ngobuzwe kanye nokungalingani kwabantu ngokomnotho. Kubalulekile ukuthi abasebenzi nemiphakathi athintekayo akubona ekumele bephathe isisindo senguquko. Kanti nako konke okuqondene nokukhokhela lenguquko kumele kubhekane nalabo abaphembe lenkinga.

Umgomo wobulungiswa obabelwayo ungaziveza ngezindlela eziningi eNingizimu Africa, njengalezi:

- Ukunika abase Ningizimu Africa izindlela zokwazi ukwenza imisebenzi, izinto ezibambekayo, amathuba okuba yingxenye yeminoto yakusasa – kubhekwe ikakhulu lamaqembu athintekakakhulu, abampofu, abesifazane, abaphila nokukhubazeka kanye netsha.
- Ukwenziwa kwemigomo yokwakha kabusha umnotho nemiphakathi kumele kucatshangelwe okuhle nokunzima ukuthi kuphathwa kanjani kuphathwa ngobani (imiphi imisebenzi ezotholwa, imiphi imisebenzi ezolahleka, imisebenzi ephusile kanye nokuthi imisebenzi izohlala kangakanani ngoba kucatshangelwa ikusasa.





- Ukukhushulwa kwamandla ezifundizwa nganye nomasipala ukuze kuthuthukiswe umnotho
- Ukugququzela abezinkampani ukuthi bebambe iqhaza kumnotho oletha ukuhlanzeka ezweni Kanye nomnotho kawonkewonke

Ubulungiswa obakha kabusha

Umonakala owadaleka emandulo kubantu ngabanye, emphakathini kanye nakwezemvelo, kumele ubukisise ukuze kulungiswe – kubhekwe ikakhulu ekulungiseni labo ababengakwazi ngisho ukuzikhethela indlela yokuphila. Kumayelana nokuqala kabusha: ukuphilisa abantu emoyeni, kulungiswe nomhlaba. Loku kwakushiwo imiphakathi ikhulumuma ne PCC.

Umgomo wobulungiswa kokuqala kabusha eNingizimu Afrika umayelana naloku:

- Ukuvuma ukuthi ezipilo nezemvelo zithintekile emphakathini ikakhulukazi makukhiqizwa amalahle nokusetshenziswa kuka oyela. Loku kuhambisana namalungela okuhlala endaweni ehlanzekile.
- Ukuqhela ekusetshenzisweni kuka oyela bese kubhekwa (1) ukuthuthukiswa kwezemvelo nokusetshenziswa kwazo ukuze abantu beziphathele bona izindawo zabo (2) ukuthuthukiswa kwamandla kagesi nokuqeda ububha obudalwa ukungabibika kwamandla. (3) ukwakha amathuba okulungisa umhlaba omoshekile, izizinda zomoya, amanzi, ukulungiswa ngezitshalo, kudaleke nemisebenzi.
- Ukusungulwa komonotho osabalele, ongenakho

ukungcoliswa komoya, ovumela ukusabalaliswa komnotho, ukuphatha, ukuzibandakanya ikakhulukazi kubantu besifazane nentsha.

- Ukulungisa umonakalo osewenzeka, kube kuthuthukiswa ukufinyelela ekusebenziseni ezemvelo, ukwaba umhlaba kuhambisane ne Black Economic Empowerment.

Ubulungiswa obulandela imithetho

Abasebenzi, imiphakathi namabhizinisi amancane kumele bethuthukiswe, besekelwe kulenguquko, kube ibona abachaza ukuthi bafuna intuthuko nempilo enjani. Kunjengoba kuyaye kushiwo “Ningenzi lutho olwethu ngaphandle kwethu”.

Umgomo wobulungiswa obulandela imithetho bumayelana naloku e Ningizimu Africa:

- Ukusiza imiphakathi ukuthi iqondise ukuthi inguquko imayelana nani, ikakhulukazi kukhulunywe ngokuthi kuvunyelwana ngani, kungavunyelwana ngani. Konke loku kuxoxwe obala.
- Kuxhaswe abasebenzi namaqembu emiphakathi ehluahlukene, ukuthi ekwazi ukuzibandakanya nenguquko kanye nokwenza imigomo ezochema nabo, ivule namathuba.
- Ukuhlanganyela kwamaqembuqembu, ehlanganyele nangezinqumo – bevumelana ukuthi bethuthukisane ngakwamandla abo nezinye izindlela zokwakha umnotho olingene wonke umuntu.
- Ukusekela ukwakhiwa kwamasu azokweziwa enguquko, asungulwe abantu nemiphakathi yezindawo ezithintekile.

4. UCHUNGECHUNGE LWEZINHLAKA EZISENGCUPHENI

Inguquko yobulungiswa ezwakalayo ifuna ukuthi kube nokuqonda abasebenzi kanye nemiphakathi ethintwe kakhulu isimo sezulu esishintshayo, izimpilo zabo ezihaqwe isomiso, izimvula, kanye nesimo sezulu esibi esimosha ukukhiqizwa kokudla kanye nemithombo yamanzi. Kubuye kubhekelelwe naleyomisebenzi eyenza imali ngokukhiqiza umsizi Uhlaka luqala ngokubheka izizinda ezine kanye nabaxhasa ukusebenza kwalezo zizinda ezisengcupheni, ikakhulu lezi ezisebenza ngomnotho wezwe: (1) bonke abasebenzisana nokukhiqizwa nokusabalaliswa kwamalahle (2) bonke abasebenzisana nemkhiqizo yemishini (3) ezokulima kanye (4) nezokungcebeleka ngoba zonke zuthinteka kakhulu. Lezifundo zitholwe emsebenzini owenzelwe iNational Employment Vulnerability Assessment and Sector Jobs Resilience Plans.

Miningi umsebenzi osadinga ukwenziwa ukuhlola ubuthakathaka bamaqembu ngamaqembu, izizinda, nabasebenzi bomnotho ongenamigomo. Loku kumele kubheke nokuthi kwakhiwe ngokuqhelelana kanjani eNingizimu Afrika – ukuthi lokuqhelelana ngezindawo zokuhlala kuyincindezi entuthukweni kuvimbe abantu ukuthi bengakwazi ukuziikela, ikhakhulu ngezimo zezulu. Ukubandlulula ngokuthi abantu bahlala ngokuqhelelana kanjani eNingizimu Afrika, kuyinto enezimpande zesikhathi zibandlululo (amalokishi, imikhukhu kwakhiwe

phezu kwemihlaba entengantengayo) futhi eqhubekayo ukuthinta kakhulu laba abasantula. Loku kubukela phansi imizamo yentuthuko ezindaweni zasemadolobheni ase Ningizimu Afrika.

Umgudu wamalahle

Umxhantela wokusebenzisana emgudwini wamalahle ubhekene nokuphazamiseka njengoba umhlaba ufuna inguquko yokuthi kungabi nomsizi nhlobo. Kusukela ngeminyaka yo 2010s sinciphile isidingo/isiselo samalahle asetshenziswa makwenziwa ugesi, futhi kusalindeleke ukuthi loko kuqhubeka njengoba amazwe omhlaba ezama ukunciphisa umsizi emazweni awo. International Energy Agency itshengisa ukuthi ngo2024 kusazoqhubeka ukuncipha ukudingeka kwamalahle. Ukusetshenziswa kwamalahle kumele kunciphe ukuze kufinyelele ezivumelwaneni ze Paris Agreement. Loku kuzokwakha ukuncipha kwezimali nomnotho olethwa amalahle e Ningizimu Afrika, ukulahleka kwemisebenzi ikakhulukazi la imiphakathi ime ngokutholakala kwamalahle – bese kuba nezindawo ezingahlali muntu ezingenantuthuko.

Lomkhakha uzobhekana nencindezi elethwa isimo sezulu esishintshayo. Ukukhiqizwa kwamalahle kudinga amanzi amaningi, okuphazanyiswa isimo sezulu esishintshayo ngoba kudala ukuntuleka kwamanzi, kunciphise namandla eNingizimu Afrika. Ukumbiwa kwamalahle nokunye kuyachaphazeleka uma isimo sezulu sisibi, ingakho kubalulekile ukuthi umgudu wenguquko ubheke ezinye izindlela zokuvikela umxhantela wokusebenzisana kanye



nemiphakathi yala kumbiwa khona amalahle. Laba abasebenzisa amalahle njengo Eskom no Sasol (ozimbelayo amalahle) nabasebenzisa kakhulu ialuminiyam kagesi nokunye – bengakwazi ukunciphisa umonakalo ngendlela abensa ngayo, ukuze nemisebenzi igcineke. Loku bengakwenza ngokuguqulela ekunciphiseni umsi.

Izimayini zamalahle, abasebenzisa amalahle kanye nemiphakathi, bazobhekana no kunqundwa kwamandla abo kusukela ngo 2025. Loku kodwa kuzokwenza kube lula ukuguqulela endleleni entsha yokwenza ibhizinisi lomkhqizo wamandla ka gesi. Kuyosiza futhi nemiphakathi ukuthi ikwazi ukwakha imisebenzi nokuphila okuhle kwabantu. Umkhakha wamalahle wawuqashe abantu abevile ku 93,000 ngo 2021. Kusukela ngo 1980 kuya ekuqaleni ko 2000 ancipha amathuba omsebenzi kulomkhakha isuka ku 130,000 yehla yaya ku 50,000 – yase iyanayuka futhi ngo 2010 yaya ku 90 000.

Uma kubhekwa ikusasa kubonaka ukuncipha kwemisebenzi, ikakhulukazi kwenziwa ukuncipha kokudingeka kwamalahle ase Ningizimu Afrika, emazweni aphešheya. Loku kubebhethekiswa nawukusetshenziwa kwemishini no mnotho ogxile kuyona imishini. Abantu abanengi abasebenza emayini bafunde bafika ku matikuletsheni, kodwa mahola imali engafika ku 50% mayiqhathaniswa nezimali eziholwa emkhakheni ohlelekile. Loku kwenza kube lukhuni ukuthi bethole imisebenzi uma bephuma la ezimayini.

Ukukhiqizwa kwamalahle kuyaye kube sendaweni eyodwa – u 80% wawo use Mpumalanga, emadolobheni amane, eMalahleni (Witbank), Steve Tshwete (Middelburg), Govan Mbeki and Msukaligwa (Ermelo.)

Abantu abalinganselwa ku 1.1million bahlala kulendawo. Ngaphandle kokuphazamiseka kwemisebenzi etholakala ngqo, ukwehliswa komkhqizo wamalahle kunomthelela emabhizinisini amaningi. Omasipala nabo bathembeke ku Eskom kanye nezimayini ukuthi zilethe izinsiza bantu.

Uma kungahlelwa kahle, ukulahleka kwemisebenzi okunye kungavinjwa ukuthi kunemisebenzi ezokhiqizela uma kuthuthukiswa umkhakha wamandla amasha kagesi. iDraft South African Renewable Energy Masterplan (SAREM), ibalula ukuthi kunemiklomelo clethwa ukukhuliswa

komkhakha wamandla amasha kagesi, nemixhantela yabasebenzisana nawo. Loku kubala nokwakheka kwemisebenzi ezindaweni la kuhlala khona ababesebenza ezimayini. iSAREM ihambelana ne Integrated Resource Plan (IRP) ethi ukunyuka kwamandla amasha ka gesi kubheke ku 2030 la kobe sekunephumela ebambekeyo ezokhulisa amathuba emisebenzi, ikhulise no mnotho.

Umgudu wezimoto

Umkhakha wokukhiqizwa kwezimoto uncike ekuhwebelaneni namazwe ase Europe nase Melika, lawo mazwe akhiqiza izimoto ezihamba ngo gesi. Uma iNingizimu Afrika isheshi ifane nenguquko yomhlaba, izozifakela ingcindezi yokukhishwa kulamazwe esebenzisana nawo.

Ukukhoqizwa kwezimoto zikagesi kudinga imisebenzi embalwa nezinsiza ezincane kunaloku okusetshenziwa makwenziwa izimoto ezihamba ngophethulomu. Yize kunjalo imisebenzi ingabakhona uma kwakhiwa iziteshi lapho izimoto zagesi sithola khona amandla okuvuselela amabattery. Isikhathi esibekiwe salenguquko ezimotweni sincike ikakhulukazi emazweni aphešheya ase Nyakatho. I Europe ne Melika sebezinikele ukuthi koshaya u 2030 zibesezigcwele kubona izimoto ezihamba ngogesi. Loku kusho ukuthi ukudingeka ko pethulomu no dizili kuzoncipha, kube nomthelela egxenyeni kagesi yamabhizinisi.

Njengamanje abantu ababalelwa ku 100, 000 basebenza ekukhiqizweni kwezimoto. Izizinda zalomsebenzi ise Tshwane, eThekwini, Nelson Mandela Bay nase Buffalo City. Isifundazwe sase Eastern Cape singabhekana nomphumela omubi, ngaphandle uma bezofuna ezinye izindlela zokukhiqiza. Imisebenzi eminingi ingathinteka kakhulu. Babalelwa ku 250,000 abantu abasebenzi kulemboni yezimoto, kubalwa kuyo nabasebenza ezimbonini ezingehleliwe.

Omakhenikha abangahleliwe iningi labo bayazisebenzela. Ngaphezu kwaloko abantu abawu 250,000 bangabanini matekisi nabashayeli; kuleliqembu kuzobhekwa nengcindezi yokuthenga izimoto ezintsha, kodwa iningi ngeke likwazi ukukwenza loku bengatholanga uxhaso. Akukacaci ukuthi iziteshi zaphethulomu zizokwazi yini ukumelana nalesimo, ikakhulu ngoba beyize



zenze imali eningi ngezitolo zabo, uphethulomu iwona oheha abathengi. Iziteshi zaphethulomu ziqasha abantu abawu 130,000, iningi laba abano matikuletsheeni.

Yize inguqulo yomhlaba iya ngase kuqedeni ukukhiqizwa ko msizi, loku kubeka ingcindezi kwabenza izimoto kanye nawo wonke ababhizinisi abaxhasayo. Kodwa noma kunjalo, akhona amathuba akhekayo. IDepartment of Trade, Industry and Competition ephepheni layo elaziwa nge Auto Green Paper on Advancement of New Energy Vehicles in South Africa babeka uhlaka lwemigomo oluqhakambisa izimoto zagesi kanye nezindlela zokushintsha ezentela ukuze kube nabantu abantu abazofuna lezimoto.

Ezolimo

Ezolimo zidinga abasebenzi kakhulu ukuze befinyelele emkhiqizweni omkhulu. Kuyimanje ezolimo zishawa kakhulu imithelela yesimo sezulu, isomiso esingaphezi, ukushitsha kwezikhathi zemvula, izimvula ezishaya kakhulu kube nezikhukhula ikakhulukazi ezindaweni ezikhiqiza abasebenzi abaningi, ukuguguleka komhlaba; kanye nokunyuka kwezinga lokushisa, ukuba manzi komoya okuthinta kakhulu abasebenza emafamu. Konke loku kuthinta futhi nezilwane kanye nezitshalo, kuthinte nokukhula kwezihlava, nokudingeka kwamazi. Konke loku kusazokhula kakhulu kuleminyaka ezayo. Isimo sezulu esishintshayo sizokwenza kube noshintsho lwanomphelelo ekutheni iziphi izitshalo ezizotshalwa ezindaweni ezithize zase Ningizimu Afrika. Ukutholakala kwamanzi okuncike esimeni sezulu kunomthelelo osheshe ubonakale kwezolimo.

Ezolimo zidla amanzi akalelwa kumaphesenti evile kumashumi ayisithupha (60%) lapha e Ningizimu Afrika. Kuzodingeka ukuthi abalimi befunde izindlela ezintsha zokusebenzisa amanzi, kuhambelane nezismo sezulu elishintshayo, kuhlenganise nezobuchwepheshe yemishini. Abalimi abahwebayo sebeqalile ukufaka izimali namandla ekusebenziseni izitshalo ezikwazi ukumelana nesimo sezulu esinamandla – okufana nemithunzi yokuzenzela, izindlela ezitsha zokunisela kanye nokukela ukushisa ezitshalweni. Abalimi amaningi abancane abanawo amandla alezizinsiza, badinga uxhaso luka Hulumeni ikakhulukazi ngakwezezimali, nezibonelelo.

Umehluko phakathi kwabalimi abancane nalaba abahwebayo ukuthi khona abakwazi



ukumelana nezimo ezishitshayo besheshye benze okuzobasiza. Baningi kakhulu abasebenzisana nezolimo kuyoyonke imikhakha, bebe bembalwa abanamafamu asebenza ikakhulu ngogesi; abalelwa ku 50 000 amafamu akhiqiza okwevile kumaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye (90%) kwezolimo okudayiswa ngo 2010. Ngo 2020 amaphesenti angamashumi ayisikhombisa (70%) emali eyaholwa amafamu angaphansi kwamaphesenti ayisikhombisa (7%). Uphenyo lwezemisebenzi luthi ikota uphela lamafumu awabantu abamnyama. Konke loku kudinga ukuthi kubhekwe ngeso elisha ikakhulu makukhulunywa ngenguquko eyibulungiswa. Abasebenzi basemafamu ngokuvamile abafundile kakhulu, bahola imali encane, abanazo izinto zabo eziphathekayo, abafani nalaba abaqashwe izinkampani ezinkulu. Ngaphezu kwaloko bahlala khona emafamu abasebenza kuwo, avamise ukuba sezindaweni ezithe qekelele, loko kwenze ukuthi behlulele ukwakha impilo ephusile. Bangaphansi kwamaphesenti ayisihlanu abangamalunga omfelandawonye wabasebenzi. Ngenxa yokuthi isomiso sithinta kakhulu labo basebenzi abasebenza ngezikhathi ezithinise kuphela, kuba nzima ukulandela ukuthi isimo semisebenzi yabo sinjani. Kuyaye kungabi ukudilizwa kwabasebenzi, kepha kube ukungaqashi abasebenzi beskhashana. Futhi labo akubhalwa ndawo ngabo.

Imali cholwa abesifazane abasebenza emafamu ngo 2017, yayibalelwa ku R2 500, eyabesilisa kuwu R2 800. Kulaba abaqashwe kwezinye izingxenye zomnotho imali yabesifazane ibalelwa ku R4 000 ngenyanga, kanti abesilisa bathola u R5000. Abesifazane basemafamu bahola kancane kakhulu uma ubaqhanisa nabasebenza kwezinye izindawo, kucishe kufika kuhhafu, kanti cyamadoda ifike ngaphezu kwaloko. Igebe lamaholo ngokobulili lincane emafamu uma uliqhathanisa nezinye izindawo zomnotho.

Kulezindawo ekusukukela kudala zinabantu abaningi abangabasebenzi ezimbonini ezahlukeneyo,

abantu ababalelwa kuma miliyoni awu 1.7 basebenza emafamu noma ezingadini, bese abawu 154 000 baphila ngamafamu nezingadi njengento ebanika imali noma ukudla. Abaningi abanawo umatikuletsheni. Mawubaqhathanisa namafamu ahwebayo, cishe bonke abanayo imali bebe bengakwazi ukufinyelela ezindaweni ezingabazisa ngemali noma izinto zokwenza kubelula ukukhiqiza ngemishini. Laba bamafamu amancane ezindaweni ezintulayo ezinabantu abaningi abadinga umsebenzi, abanakho okunye abangakwenza, ikakhulukazi abesifazane.

Noko kunjalo, akhona amathuba okuphamba imisebenzi emisha chloniphekile kwezolimo, loko kwenzeke kube kuncishiswa ukusetshenziwa komsizi, kusetshenziswe kahle amanzi, kuthuthukiswe nempilo yasemaphandleni. Ezinye zezindlela, ukuvuselelwa komhlaba ogugulekile, ukuthuthukisa kwezitshalo, nokwenza okumele kwenziwe ukumelana nesimo sezulu kwezolimo kwakhiwe nemisebenzi. Loku kwenziwe kube kutholakala okuhle kulesimo sezulu nakwezemvelo. Kudingena amaqembu azothuthukisa imiphakathi ngezindlela ezahlukeneyo ezisekela abantu njengoba bezama ukuphila nalesisimo. Ezolimo nazo ziyoklomela kakhulu ngempumelelo yokulwa nesimo sezulu, njengoba abazolimo kuyibona abashayeka kakhulu, ikakhulu uma kungehla ukushisa komhlaba.

Ezokungcebeleka

Ezokungcebeleka zibhekene nezingqinamba eziningi ngenxa yesimo sezulu esishintshayo. Izindawo zemvelo namasiko ezisezindaweni ezigugulekile zigcina zingasabukeki nabavakashayo bengasezi, kunciphe namathuma akwakha nomnotho wezakhamizi. Loku kungoba ezemvelo namasiko izona eziyinsika yokuzikhombisa kwezokungcebeleka, bese kona loko kubhekane nesimo samazinga amakhulu okushisa, isomiso nezimvu.



Kungekudala izigemegeme ezenzeka ko Mozambique, Zimbabwe nalana e Ningizimu Afrika kuwubufakazi ukuthi ingxenye yethu ye Afrika ishayeka kanjani isimo sezulu. Kwagqama kumhlaba wonke ukushayeka kwe Cape Town ngokuswela amanzi ngo 2016, kwenza ukuthi kwehle isibalo sabavakashayo, yabancane intuthuko. Ezokungcebeleka zaphesheya – indawo encane kodwa eyenza imali eningi ngaloku – ibhekene nokukhula komsizi. Akukacaci ke kodwa ukuthi ababalekela loku phesheya bezalana yini, nezikhathi abeza ngazo.

Izifundo kwezokungcebeleka ziba nezinkinga ngoba ezokugcebeleka azibi nemibiko yabo bodwa. Ngesikhathi sakhukhulelangoqo we Covid-19 kwehla kakhulu ukungcebeleka, kwenza kube lukhuni ukubona ukuthi izifundo zikhombani. Ngo 2018 kwakunabantu abafika ku 60,000 abaqashwe kwezokudla nasezindaweni zokulala (imvamisa abesifazane) bese kuba u 700, 000 kwezokungcebeleka wonkana.

Iningi lalaba abasebenza namabhezini ase Gauteng, Western Cape and KwaZulu Natal. Ezokungcebeleka okunakekelayo (njengoba kubekiwe ku National Minimum Standard for Responsible Tourism) kungakwazi ukunciphiza ukukhiqizwa komsizi, kuthukuse amandla kagesi namanzi, kunciphise ukumosa nokusetshenziswa koplastiki, kubuye kubone ukuthi wonke umuntu emphakathini nabasebenzi waya klonela kulemizamo.

Izigaba kanye nezikhathi zomthelela

Kuleminyaka ezayo kuzoba nokukhuphuka kwamazinga okushisa umhlaba wonke kuhambisani nemiphumela ebonakalayo engemihle, kunyuke nesidingo sokuthola indlela yokugwema lesisimo. Kuleminyaka eyisihlanu (2021-2025) kuyanyuka nokukhiqizwa komsizi, kunyuke nengcindezi yokuphuma kowoyela abathize. Kothi kushaya uzo30 kube sebekhokhiswa abantu nezinkampani ngokukhiqiza imisizi nowoyela abanomthelela ekudungeni umoya. Lokhu koza nezindlela ezivimba amazwe ukugcolisa umoya. Kulamazwe athuthukile kuzoqedwa ukukhipha umoya oshiyayo, nezimakethe zowoyela abadunga umoya kuzoqedwa. Sizobona umonakalo omkhulu kakhulu owenziwa isimo sezulu, ozolimaza indlela yokuphila kanye nezempilo, kuze kushaye ezokungcebeleka, ezolimo, ezokuthutha nokuhweba. Lolushintsho luzoshaya izimbongi ezahlukenene nabasebenzisana nazo. Loku kufingqiwe la ku iThabula 1, nomthelela ofika ku 2050.

iThabula 1 • kunye neempembelelo eziqikelelweyo ukuya kutsho ngo-2050.

IMINYAKA	IMBONI YOKUHWEBELANA	IMBONI YAMALAHLE	IMBONI YEZIMOTO	EZOLIMO	EZOKUVAKASHA
2021-2025	Amazwe esihwebelana nawo aqala ukufaka intela entsha Amabhizinisi nezinhlangano zemiphakathi zenyusa izinga lokulwisa komisi obangelwa ukushushumbiswa kwezimpahla nabantu ngamabhanoyi	Akuvalwa zimboni zakwaEskom kodwa ezinye ziphelelwa amandla Kwandiswa ukukhiqizwa kugagesi ngendlela ehlanzekile Amanani wamalahle anyuka kakhulu ngenxa yokwenyuka komnotho emva kobhubhane nokweswelaka kwawo USasol wenza ukudla kwezilane okushe; izimboni eziningi ziqala ukusebenzisa ugesi ohlanzekile	Amazwe avelele aqala ukuzibophelela kwizimoto zagesi kuphela iminyaka yo2020 Kutshalwa imali ekukhiqizweni kwezimoto zikagesi eMzansi Kwanda Isidingo zokuthi izinto zithuthwe uloliwe zisuswe emgwaqeni Kwanda izikhukhula ezimoshahla ingqalasizinda	Kwanda izikhukhula ezindaweni Ukushisa okweqile kuthinta abasebenza emaplazini, imfuyo nokukhiqizwa kokudla. Abalimi baqala ukufuna nokusebenzisa indlela entsha yokukhiqiza Ukusetshenziswa kwamanzi kuba phansi kwengcindezi ngoba ubukhona bawo buncane kunezidingo Ukwehla kwezinga kwenyusa ukungavikeleki	Ukusisimala emva kobhubhane kwenyusa ukulwisana nokundisa okwandisa umsizi Izindawo zokungcebeleka zibhekana nezinkinga zesomiso, izikhukhula nokushintsha kwesimo sezulu kuzo zonke izindawo

iThabula 1 • kunye neempembelelo eziqikelelweyo ukuya kutsho ngo-2050.

IMINYAKA	IMBONI YOKUH-WEBELANA	IMBONI YAMALAHLE	IMBONI YEZIMOTO	EZOLIMO	EZOKUVAKASHA
2025-2030	Intela iyenyuka emingceleni yamazwe amanining Isidingo sezimoto ezejwayelekile siyehla enyakatho namalahle awasadingeki kakhulu Ubuchwepheshe bandisa amathuba okwehlisa umsizi ngokuthutha abantu nempahla ngamabhanoyi	Ngokukhetha ukuqhuthswa kwezinto mayelana nogesi nezintela zom-sizi, ukukhiqizwa kwamalahle kokwehla futhi imisebenzi yal-emboni yehle Izindawo ezikh-iqiza amalahle eMpumalanga zizozala ukuzwela ushint-sho lolu	Kwanda ukukhiqizwa nokusetshen-ziswa kwezimoto zikagesi emhlabeni nala eMzansi Kwehla isidingo sokuba umuntu nomuntu abe nemoto yakhe kusetshen-ziswe indlela yokuthutha umphakathi Kwanda izikhukhula ezinomthelela omubi kwingqa-lasizinda	Kwanda izikhukhu-la ezinomthelela omubi ekuqashweni kwabantu nempilo izindaweni ezichap-hazelekile Kutshintsha izinto eMzansi nasemhlabeni wonke kwande ingcindezi yokwehlisa umsizi ngokwehlisa uku-thengiswa kwenyama neminye imikhiqizo	Ukwehla kwenani lezivakashi ezivela phesheya nemboni yokungcebeleka yaseMzansi iphelelwe amandla
2030-2040	Kwande imizamo yekwehlisa umsizi ngemikhiqizo nan-gokuhwebelana	Kwehle isidingo nokukhiqizwa kwamalahle nemisebenzi kuleyomboni	Kwanda ukusetshenziswa kwezimoto zikagesi	Kufuduzwe eminye imikhiqizo ukun-ciphisa umthelela wotshintsha kwesimo sezulu Ubuchwepheshe buveze izindlela ezintsha zokukhiqiza nokuthutha izimpahla Ingcindezi yokushint-sha kwesimo sezulu	Ukuzinza kwemboni yokuvakasha yalabo abadla izambane likapondo kodwa kwehle ukuthukhuka kwayo
2040-2050	Kwande imizamo yekwehlisa umsizi ngemikhiqizo nan-gokuhwebelana	Amalahle awasasetshen-ziswa kangako nabasebenzi nemiphakathi kulezondawo sebenendlela entsha yokuphila	Imboni yokuthutha ayisasebenzisi uphethiloli nako konke okuhambe-lana nawo	Njengasenhla	Njengasenhla



Ukusebenzisa amathuba ngezigaba ezingafani zoguquko

- Yize izinkomba zithi iminotsho izoshayeka kakhulu futhi loko kukhathaza, kubalulekile ukuthi kujulwe ukuthi makhulu amathuba azolethwa inguquko – ukuthuthukiswa komnoto, la abantu behlala khona besebenza khona ngendlela ezoletsha ukudlelwano obuhle kwabantu nomhlaba.
- Uma abantu bethatha amathuba aletha umnoto wokuhlazela kubalulekile ukuqapha bonke ubungozi:
- Ngesikhathi sika 2021-2025 kuzoba nokukhula kokudingeka nokukhokhelwa kwamandla amasha kagesi, azohambelana nezobuchwepheshe bemishini Kanye nokuqashawa kwabantu namathuba empilo engcono. Amalahle namaqembu asondelene, nemiphakathi komele bewafunise amathuba omnoto onabile onokuningi. Kuyoba nokunyuka, la ekhaya naphesheya, ukudingeka kwezolimo, ezenthuthuko, ezizindlu nezokuthutha eziqinile ezikwazi ukumelana nesimo sezulu.
- Ngenkathi inguquko ibhebhetheka ngezikhathi zo 2025-2030, koba nokutshalwa kwezimali kwimikhqizo emisha kanye nakwezobuchwepheshe, ukukhiqizwa kwamandla Kanye nokugcinwa kwawo. Ugesi ohlale ukhona noshicile uyothuthukisa umnoto ozinzile ukhanda nemisebenzi. Uyobuy ukhulise ukukhiqizwa kwezimoto zagesi la ekhaya nasemhlabeni wonke. INingizimu Afrika iyoba sendaweni enhle ukwenza loko. Ukutshalwa kwezimali kuyobe kudinga iminoto enebili enemixantela kulemiphakathi ephila

ngamalahle. Futhi kunamathuba okugcwala kwezindawo zasemadolobheni, kunciphe ukubiza kwezokuhamba, kukhuphuke ukudingeka wezindlu, kwakhe iminoto emisha.

- Ngale kuka 2030 kobe kukhona ugesi ongabizi ohlale ukhona, nala kutshalwa khona izimali ukuze kuqhamukwe nezindlela ezintsha zokwenza ugesi ube nemixantela ngokuwusebenzisa bese kuba nawukwakha umnoto olingene abantu bonke. Ukukhiqizwa kwamandla kagesi amasha kuzokwenza ukuthi ugesi ungabizi futhi uhlale ukhona kuthuthuke imisebenzi yemikhqizo. Loku kuzoba nomthelela omuhle kulezimboni ezisebenza ngamandla njengezasemayini, usimende nokukhiqiza. Ukutshalwa kwezimali ekwakheni izimoto zagesi kante nomoya we hydrogen kuzonika iNingizimu Afrika amandla okukwazi ukuba namandla ka gesi ohlanzekile, njengaloku kuyisifiso somhlaba wonke. Amandla kagesi ahlanzekile azovula izimakethe ezintsha ezenza eminye imikhqizo efana no platinum, vanadium, cobalt, copper, manganese, and lithium, kuvuleke amathuba okuhwebelani namanye amazwe. Izindlela eziphusile zokulima okubhekelela isimo zezulu zizokwenza ukuthi nezithombo ezikwaziyo ukubambelela kunoma isipho isimo, sithuthukise ukuthukusa ukudla nezimpilo ezinhle zabalimi abafufusayo.

Kudingeka ubuholi obuqondile nobuphokophele ukuze kubanjwe lamathuba okuxhasa inguquko ewubulungiswa. Eminyakeni eyisihlanu ezayo kumele kube nemigudu eyakhiwayo ezoqina ibhekane nesimo sezulu esishintshayo, kwakhiwe nobudlelwano namaqembu ahlukeni kwaziwe ubani owenzani nokuthi kubhekwe ukuthi konke kusahamba kahle yini.

Uxhaso kumele luqalwe inhlanganyela yamiphakathi kube ibona abeza nezinsiza ezizokhuba inguquko ewubulungiswa. Kumele kube noxhaso olusobala olusuka kwabezepolitiki – bexhase ukuthi kusheshiswe ukuletha amandla kagesi amasha, kwakhiwe nezimboni ezizokhulusa umsebenzi, kuxhaswe ne IRP.

Iyothi iqhubekela phambili inguquko ikakhulu ngeminyaka ka 2025-2030 komele kube khona izingosi ezisobala, kwaziwe nokuthi zenzani ukuze zikwazi ukuqhuba ukushintsha komkhakha wamandla kagesi, ukwakhiwa kwezimoto, ukugcwa kwabantu emadolobheni kanye nokushintsha kwezokungebeleka nanye nezolimo. OMasipala (ikakhulu laba abayizindawo zezimayini, ezamafamu nezokungebeleka) kumele benikwe amandla okusebenza, bese imiphakathi yabo namaqembu apheke abasebenzi inikwezwe izinsiza ukuze bekwazi ukusebenzisana nohulumeni namabhizinisi.

Ngonyaka ka 2030 imigomo nezindlela zokwenza zobe sezivuthiwe, ingakho komele zikwazi ukuhlanganisa inguquko nenqubo kahulumeni nabanye abathintekayo. Komele kukhuthazwe izigaba eziningi zabathintekile ukuthi benikwe amandla no lwazi okusebenza phansi kwesimo sezulu esishintshayo. Wonke umuntu ezibandakanye noshintsho.

5. IZINQUBOMGO-MOZENGUQUKO YOBULUNGISWA

Lemigomo elandela yiyo cyakha uhlaka lowubhekana nezingqinamba zenguquko ewubulungiswa yawo wonke umuntu wase

Ningizimu Africa, konke loku kudonswa ezifundweni zoncwaningo. Lemigomo kumele yenziwe ngendlela yokuhlanganyela chambisanayo, ukuze lemigomo ingacindezeli ingabukeli phansi umsebenzi osuwenziwe keminye imigomo.

Ukwenyuswa kwezinga wamakhono

INingizimu Afrika ibhekene nenkinga enkulu yomnotho etshengisa ukungalingani kwabantu kanye nesibalo esikhulu sabantu abangasebenzi. Loku kuzodala ukuthi laba abantithekile bengakwazi ukubona nokusebenzisa amathuma azoza nenguquko.

Abantu kumele befundiswe imisebenzi eyehlukahlukene, beqiniseke nemfundo jikelele ukuze abantu bekwazi ukubhekani nezihle engase zilethe inguquko, kuxhaswe nabantu ukuze bekwazi ukubhekana nesimo sezulu.

Izincomo zaloluhlaka zibheka ikakhulu ezindaweni ezintathu: (1) ukufundisa ngokuvuselela nokufundisa okusha kubasebenzi ukuze bekwazi ukubhekana nenguquko (2) ukulinganisa ukufundiswa okusha Kanye nalokhu okucatshangelwa ukuthi kungenzeka, nezidingo zemisebenzi – ikakhulukazi kulemisebenzi yemkhakha womoya nezwe elihlanzekile okudingekayo ngenguquko (3) Ukuqinisekisa ukuthi imfundo eyisisizinda abantu banayo ukuze kukhule abasebenzi abakwazi ukumelana nenguquko. Yonke le mzamo yoshintsho iyabonakala kwi White Paper for Post-School Education and Training, ewumqolo ohlangoza ukuthi abantu beqhubeka nemfundo yize bengekho esikoleni, ukuze bekwazi ukusebenza phansi kwesimo esishintsha njalo, kungaba abancane noma abadala.





- Ukufundisa ngokuvuselela/ ukufundisa okusha abantu abadala abangabasebenzi ukuze kuxhaswe inguquko ewubulungiswa:
- Ukuqeqesha abasebenzi bezimbongi ezechlelekile (banikwe izifundo, befundiswe amakhona khona emsebenzini) ukuze bebe namathuba okunyuka nokukhula kuloku abakusebenzayo, kuhambelane naloku abakufunda (okwencwadi noma amakhono), kukhunjulwe nokuthi yini asebeyifundile khona emsebenzini kuleminyaka besebenza
